**UKULUNGISELELA UKUBHALA IPHEPHA LESITHATHU**

LELI PHEPHA LIBA NEZIQEOHU EZIMBILI

ISIQEPHU A: INDABA **[50]**

- Mfundi uzonikezwa izindaba ezi-5 kanye nezithombe ezi-3 kulesiqephu.
- KHETHA INDABA **EYODWA** UZOBHALA NGAYO
- Indaba yakho ayiqale ngamalungiselelo kanje:

**AMALUNGISELELO**

**ISIHLOKO**

Ubuhle Nobubi Bokusebenzela Endlini

**ISINGENISO**

Kuyini ukusebenzela endlini?

**UMZIMBA**

Ubuhle

- Wonga imali yokugibela uye emsebenzini
- Wonga imali yokuthenga izimpahla zokugqoka
- Wonga imali yokudla
- Ungenza imisebenzi engaphezulu kowodwa.
- Isikhathi sokusebenza uyazihlelela.
- Wonga isikhathi.
- Akuvamile ukuthi uzithole sewuxabana nosebenza nabo

Ububi

- Uyazibonela ukuthi usebenza kanjani ngoba akekho okugadile
- Amaphutha kulula ukuwenza ngoba awukho eduzane nabanye
- Kubuye kube nokungethembani
- Uyaphazamiseka uma uhlala nomndeni
- Ubuye ungaqedi umsebenzi ngesikhathi onikezwe sona
- Ukuhamba kukagesi kuyakuphazamisa
- Ungazithola ubhekene nengcindezi.
- Kungenzeka ungabinazo izinsiza kusebenza ezanele

**ISIPHETHO**

Inkampani nenkampani ayibheke amacala womabili icubungule ngokwezidingo zayo ngaphambi kokuthatha isinqumo.

**UKUBHALWA KWENDABA.**

**QALA NGESIHLOKO**

**ISINGENISO**

Asihehe silandele isihloko. Isingeniso asibi side kodwa sibasifushane imigqa ayingadluli kwemi-4.

**UMZIMBA**

Gxila esihlokweni uqaphele ungaphumi. Indaba yakho mayikhule kahle nezigameko zilandelane. Sebenzisa izimo zokukhuluma okungaba izaga, izisho Kanye nezifengqo. Sebenzisa izimpawu zokuloba ngendlela. Ungabhali imisho emide kakhulu ungazange uphumule noma ume. Izigaba zakho azingabi zinde kakhulu. Zingaba imigqa eyi-6 kuya kweyisi-8.

**ISIPHETHO**

Asibe nokuxhumana nesingeniso. Akuzwakale ukuthi indaba yakho isisemaphethelweni. Imigqa ayibi mide. Ungadluli emgqeni emi-4.

QAPHELA INANI LAMAGAMA INDABA YAKHO AYINGABI NGAPHANSI KWAMAKHASI AMABILI. KUNGENZEKA IDLULE EMAKHASINI AMABILI KUYA NGESANDLA SOMUNTU. INANI LAMAGAMA **340-390**

**UMA UKHETHA ISITHOMBE INIKE ISIHLOKO INDABA YAKHO.**

**INDABA YAKHO AYIHAMBELANE NESITHOMBE UNGANHLANHLATHI.**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**

KULESI QEPHU ULINDELEKE UKUPHENDULA IMIBUZO EMIBILI. UMBUZO NGAMUNYE UNAMAMAKI **ANGAMA-25. KUMELE UBE NAMAMAKI ANGAMA-50 ESEWONKE (25X2).**

- KULESI SIQEPHU ULINDELEKE UKUBA UBHALE NGAMAGAMA AYI-**100** KUYA KWAYI-**120**.

- FUNDISISA UMBUZO

- QALA NGOKUBHALA AMALUNGISELELO NGAPHAMBI KOKUPHENDULA UMBUZO. WAKHANSELE AMALUNGISELELO AKHO.

- YAZI UHLOBO LOMBHALO OWUKHETHILE UKUTHI UBHALWA KANJANI

  NAZI IZIBONELO NGEZANSI:

**INCWADI YOBUNGANI**

Ugogo wakho uziphilisa ngokwenza imisebenzi yezandla

Bhalela ugogo wakho incwadi umcele ukuthi akufundise ukwenza le misebenzi yezandla.

**AMALUNGISELELO**

- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku
- Ukubingelela: MaShandu
- Isigaba sokuqala (isingeniso): inhloso/isizathu sokubhala incwadi
- Isigaba sesibili nesesithathu (umzimba): ingqikithi yencwadi
  - Ukucela ukufundiswa umsebenzi nesizathu
  - Indlela engizosizakala ngayo
- Isigaba sesine (isiphetho): ukuveza uthando kugogo kanye nobudlelwano obuhle
- Ukuvalelisa : yimina umzukulu wakho

  uThandolwethu

23 Batis street

Crystal Park

Benoni

1501

29 Ntulikazi 2024

MaShandu

Angikakholwa namanje ukuthi la maholidi ephasika avele aphela isigubhukane. Bengihleli kahle nawe ngifisa nokuthi singaluleka isikhathi. Salukazi sami abazali bami abawuvali umlomo ngesigqoko selanga ongenzele sona, yingakho ngibhala le ncwadi ukuzicelela ukuba nami ungifundise lo msebenzi omuhle kangaka.

Gogo ngibone kuyisu elihle kakhulu ukuba nami ngifunde ukwenza umsebenzi wezandla ukuze ngikwazi ukuziphilisa. Isikhathi samanje asisafani neze nesakuqala lapho bekwaziwa ukuthi emva kokuthola iziqu uzokwazi ukuthola umsebenzi owufundele kepha cha akusenjalo. Ngibona kungakuhle ukuba ngibe nekhono elizokwazi ukungiphilisa kusasa kwazise nesezincwadini angimuhle kahle. Lesi sigqoko sihlaba abantu abaningi umxhwele abawuvali umlomo uma bengibona ngisigqokile.

Akekho owaziyo ukuthi ikusasa lisiphatheleni yingakho ngifuna ukuba usomabhizinisi ukuze ngingalindi ukuqashwa kodwa ngikwazi ukuzisebenza. Kwazi bani gogo mhlawumbe kusasa ngingaba womunye wosomabhizinisi abavelele umhlaba wonke jikelele. Lo msebenzi uzongisiza kakhulu ukuxosha ikati eziko hhayi mina nomndeni wami kuphela kepha neminye imindeni iyohlomula ngaleli bhizinisi. MaShandu salukazi sami ngiyazi ukuthi angeke ungilahlele izandla kepha uzongisiza ukuphumelelisa amaphupho ami.

Angingabe ngisanda kakhulu Gogo, ngikuphathisele amaphilisi amadolo esitolo sakwaPep. Uma ngingaphosisi ayofika emva kwezinsuku ezintathu, ngicela uNokuphiwa akulandele wona. Uphole salukazi sami sesiyobonana ngamaholide kaZibandlela.

Yimina umzukulu wakho

uThandolwethu

## I-IMEYILI

Bhala i-imeyili ubonge uthisha okugqugquzelile wakwazi ukufunda waze wafika kuleli banga olifundayo.

**AMALUNGISELELO**

- Ikheli lobhalelwayo : Iya ku : mrlanga@yahoo.co.za
- Ikheli lobhalayo : sinothile.zulu@gmail.co
- Isihloko : ukubonga ngokugqugquzelwa
- Ukubingelela : Mnumzane Langa
- Isigaba sokuqala: inhloso/isizathu sokubhala i-imeyili
- Isigaba sesibili: Ukuveza indlela engisizakale ngayo
- Isigaba sesithathu: Ukuveza ukubonga ngangenzele khona
- Isigaba sesine : ukuphetha i-imeyili (ukubonga Kanye nokugqugquzela)
- Ukuvalelisa : yimina umfundi wakho
  uSinothile Dlamini

Iya ku: mrlanga@yahoo.co.za

Ivela ku: sinothile.zulu@gmail.com

Isihloko: ukubonga ngokugqugquzelwa

Mnumzane Langa

Sodumase Madevu agqabul' inkomishi ngiswele amazwi nemilomo eyizinkulungwane ngongenzele khona. Ngibhala ngoba ngifuna ukukubonga ngokungiseka kwakho ebangeni eledlule.

Impela izandla zidlula ikhanda mnumzane Langa. Angazi ukuthi ukuba angihlangananga nothisha ofana nawe ngabe ngikuphi namuhla. Unyaka odlule kube unyaka onezingqinamba kakhulu empilweni yami. Ukukhetha abangani abangalungile kucishe kwamosha ikusasa lami. Ukuba bewungekho eduze kwami ngabe kukhulunywa okunye namuhla. Ngisawakhumbula kahle amazwi akho eziyalo mhlazane ungihlalise phansi wathi "ayikho into enzima njengokufisa ukubuyisela isikhathi emumva usulahlekelwe abantu abakuthandayo empilweni yakho" la mazwi angifikisela ngezinyembezi ngoba abazali bami base begeze izandla ngami.

Izidakamizwa kwase kuyinto yemihla ngemihla. Ekilasini ngangingasezwa lutho okufundwayo. Abazali bami bebephuma bengena ezibhedlela ngenxa yami. Kukho konke lokho wena thisha wakwazi ukulwisana nedimoni elalingihlasele. Ukungiluleka kwakho Kanye nokungithatha ungiyise esikhungweni sokuhlunyeleliswa kwezimilo kwenze umehluko omkhulu empilweni yami. Ngithe uma ngibuya ngazibona ngizelwe kabusha ngavuka ngazithatha ngazimisela ezifundweni zami. Namuhla ngikumatikuletsheni ngenxa yakho.

Ngwane ngicela okwenzele mina ungadinwa kepha ukwenze nakwabanye. Engathi uNkulunkulu engakugcina wena nomndeni wakho ngoba isizwe siyabadinga abantu abanjengawe. Ngiyabonga kakhulu thisha wami.

Yimina umfundi wakho

uSinothile Dlamini

**UMLANDO KAMUFI**

Emndenini wakini kuvele umshophi wokushona kwelinye lelunga lomndeni emva kokugula isikhashana. Leli lunga belibambe elikhulu iqhaza ekuthuthukiseni kwentsha emphakathini.

Bhala umlando kamufi ozofundwa ngosuku lomngwabo.

**AMALUNGISELELO**

- Isihloko: Umlando kaZandile Ntombenhle Nkambule
- Isigaba sokuqala
    - Amagama amufi aphelele
    - Usuku azalwa ngalo
    - Indawo azalelwa kuyo
    - Amagama abazali bakhe(basaphila noma cha)
    - Usuku adlule ngalo emhlabeni.
- Isigaba sesibili
    - Izikole afunde kuzo(amabanga aphansi, aphakathi Kanye naphakeme neziqu azizuzile)
- Isigaba sesithathu
    - Izindawo asebenze kuzo
    - Ukuhlabana kwakhe
- Isigaba sesine
    - Iqhaza alibambile emphakathini ekuthuthukiseni kwentsha
- Isigaba sesihlanu
    - Abashiyile emhlabeni

**Umlando Ka Zandile Ntombenhle Nkambule**

UZandile Ntombenhle Nkambule wazalwa mhla ziyi-10 Nhlolanja 1997. Wazalelwa endaweni yase Vryheid esigodini sakwa Thulebona, ezalwa uMnumzane Babheka Kanye noNkosikazi Zandile Nkambule nabo abangasekho. Usishiye emhlabeni mhla ziyi-12 kwephezulu emva kokugula isikhashana.

Waqala imfundo yakhe yamabanga aphansi eSiyabusa Primary School. Waqhubekela eSizanethemba Secondary school nokuyilapho azuza khona isitifiketi sakhe samatikuletsheni. Emva kokuphothula umatikuletsheni wabe eseqhubekela eNyuvesi yaseGoli nokuyilapho azuza khona iziqu zobuNjiniyela.

Waqala ukusebenza njengoNjiniyela enkampanini eyaziwa nge Transformation Engineering Company ngonyaka wezi-2006. Ngonyaka wezi-2012 wabe esezivulela eyakhe inkampani. Wasebenza kule nkampani njengomphathi wayo. Kuthe ngonyaka wezi-2018 inkampani yakhe yaba ngenye yezinkampani eyahlabana ngendondo ekusimamiseni umnotho wakuleli.

Emphakathini ebebambe elikhulu iqhaza ekuthuthukiseni intsha yakuleli. Ebengumphathi weqembu elilwisana nobugebengu i-United Forum, aphinde alekelele intsha ephumelele kahle ngemifundazwe.

Ushiye udadewabo oyedwa,abafowabo ababili, izingane zakhe ezimbili Kanye nomyeni wakhe.

SITHI LALA UPHUMULE MZILANKATHA SIYOHLALA SIKUKHUMBULA.

**INGXOXO**

Ungusihlalo womkhandlu wabafundi, unengxoxo nentatheli yomsakazo wangakini.

Bhala ingxoxo phakathi kwakho Kanye nale ntatheli emayelana nokuqaphelisa umphakathi ngezingane eziba wuvanzi emigwaqeni ngesikhathi sesikole.

**AMALUNGISELELO**

**Isihloko**: Ingxoxo Ephakathi Kwami Nentatheli Yomsakazo

**Isingeniso:** obani abakhulumayo? Bakuphi? Nini? Futhi benzani (siba kubakaki)

**Umzimba**

Ukukhula kwengxoxo

- Kungani izingane ziba uvanzi?
- Zenzani lezingane ngesikhathi sesikole?
- Kulimaza kanjani lokho?
- Yini engenziwa?

**Isiphetho**: ingxoxo isemaphethelweni kuyavunyelwana kuvaleliswane.

**Ingxoxo Ephakathi Kwami Nentatheli Yomsakazo**

(kusekuseni ehhovisi likathishanhloko uSandile uhleli uxoxisana nentatheli yomsakazo iSiyabambisana uMnumzane Zungu mayelana nezingane eziba uvanzi emigwaqeni ngesikhathi sesikole)

**uMnu. Zungu:** Ngiyabonga ithuba lokuxoxisana nawe Sandile. Mina nginguMnumzane Zungu intatheli yomsakazo walapha emphakathini iSiyabambisana. Ngingezwa kuwena impilo?

**uSandile:** Kubonga mina Mnu. Zungu ngalelithuba eliyingqayizivele lokuzoxoxisana nawe. Empilweni ngiphila njengosheleni.

**uMnu. Zungu:** Sandile mfana wami udaba olungiletha lapha udaba oselukhathaze umphakathi wakithi kakhulu. Lolu udaba olwezingane eseziluvanzi

emigwaqeni ngesikhathi sesikole. Ngithi ake ngizozwa kuwe ukuthi senike nezwa yini ngalesihlava?

**uSandile:** Yebo mnu. sesike sayizwa lendaba enkulu kangaka.

**uMnu. Zungu:** Ake ngibuze nje, engabe yini edala ukuthi labafundi babe wuvanzi ngesikhathi sesikole?

**uSandile:** Mnu Zungu sithe masihleli nabafundi engibambisene nabo sabona ukuthi lo mkhuba udalwa isandla esingaqinile sabazali abangalandeleli izingane zabo. Kuphinde kube inkinga yamalungelo, lapho sithola izingane zinganandaba nothisha abazifundisayo. kuba nzima nokuthi bazijezise.

**uMnu. Zungu** Zenzani lezingane ngesikhathi zingekho esikoleni?

**uSandile:** Sizwa ngandlebenye ukuthi lezi zingane zisuke zingumshungu zibhema izidakamizwa ezinye zibamba izalukazi inkunzi.

**uMnu. Zungu** Ingabe kubalimaza kanjani lokho?

**uSandile** Kuyabalimaza kakhulu lokhu abafundi ngoba bamoshakalelwa ikusasa labo. Bayasala ezifundweni okuholela ukutheni bangaphumeleli. Ngikhuluma nje abanye babo baboshiwe lokho kudala ukuthi bangabe basasiqeda nesikole.

**uMnu Zungu:** Yini engenziwa uma nina nibheka?

**uSandile:** Thina njengomkhandlu sibona kufanele sisukume sonke silwisane nalesi sihlava. Othisha, abafundi,abazali, amaphoyisa, osonhlalakahle Kanye nohulumeni. Akube nezinhlelo zokugqugquzela abafundi ngokubaluleka kwesikole. Akube nezijeziso kulabo abatholakala benza lo mkhuba. Ngalokhu nje Mnumzane ngicabanga ukuthi singayinqoba le mpi.

**uMnu Zungu:** Ngiyakuzwa mfana wami kuyabonakala ukuthi ngikhuluma nomuntu okhaliphile. Nami ngivumelana nani kulokhu. Ngiyabonga ngesikhathi sakho.

**uSandile:** Kubonga mina mnumzane. (baxhawulane)